

The history of the fighting at Nzuze and the exploits of Mkhahlangane Mhloro.

K13/150

1/2

s. 296

1b

K13
A/3/150.

P.H. Chamane.

1. 1. Uyimilele.

OKUNGAPHAKATHI

2. Ukufa kwezilwane.

3. Ukudilika kwezintaba.

4. Umbila wanilela ezinhlangeni

5. Indlala.

6. Ukudilikakwezintaba.

7. Ukuduma k ezulu

8.

8. Ukudilika wezindlu.

9. Umkhuhalen.

2

Uyimilele.

Lendaba ngayixoxelwa abazali abayibona lento ngamhla yenzeka nami ngayibona yenzeka kodwa ngangingaka sambuluki kahle ngoba ngangise umfana wamathole.

Akukho langa elishona lingena ndaba, futhi akuhonyaka uphela ungenazindaba zawo ezinhle nomazizimbi.

Abantu abamnyama bakhala ngendlala minyaka yonke. Lokhu kubongwa ukuba abathwasi kahle ukulima amasimu.

Kwake kwakhona enkulu indlala ngo 1925, lendlala ya bangwa kusa kwathi lapho umbila ugala kuhwamuka nomabele ebomvu kuvuthwa kwafike enkulu invula eyona zinsuku eziyishagaloabili nobusuku obuyishangalombilili.

3

Ukufa kwezilwane.

Leavula yalimaza izinto eziningi kw fa ini izinyoni eziningi ngaleso sikhathingoba zazingasakwazi ukuba zindize ibange elikhulu zingazakwazi ukuzitholela ukudla okwanele. Kwafa izinkomo eziningi nezimbongolo eziningi nazo zonke izilwane ezifuwayo ngayakhumbula ukuthi izimbongolo zakithi zawe lwaisitebele sazo sezwa ngoba sekukhala isidididi zasizakala ngoba sashesha saziphuthuma.

Ziningi futhi izinyamazane ezafayo ngoba nazo zase zitoto baliswe invula abazingeli baze bebuya neziningi ngelanga.

Ukudilika kwezintaba.

4

Kwadilika izintaba ezinkulu kwavela amatshe abengaphansi kahulu komhlabathikwavela izimbokodwa ezinhla zokugandayo namatshe amahle kahulu okugaya. Kwaqhuma iziphethu eziningi ezintabeni imfula emkhulu yagewala kwemuka ukudla kwabantu okuningi okwaku seduze nemfula, kwamuka abantu abaningi ngoba zase ziningi nezinhlambi ezasishaya sengathi ziyakwazi ukuwelisa abantu kodwa zibe zingazi lutho. Kwemuka nezingi izindlu ezazakhe eduze nemfula.

Umbila wamilela ezinhlangoeni.

Kwenzeka into engavamile ukwenzeka, umbila namabele kwamilela ezinhlangoeni lokhu kwenziwa ngoba imvula yana lapho umbila namabele sekuqala ukuhwamuka latholakala njaloke igama lokuthi lemfula "UYIMILELE".

5

Abanye abantu baqamba izingane zabo ngokuthi "Oyimilele" Bekhumbula lesigameko esabehlela ngo 1925.

Indlala.

Kwabakhona indlala enkulu ngolowonyaka ngoba abantu baswela umbila wokuvuka amasi nokuzidlela izinkobe noma ikhuphi ukudla okwekwenziwa ngombila kwasinda labo ababetshale amadumbi nakho konke ukudla okumbiwa phansi.

Namahulugu otshwala ahlupheka ngoba yayingoqane inthombo yokwenza utshwala.

Ukuduma kwezulu.

Kwasha izindlu eziningi ezazi shiswa umphezulu imithi emikhulu phansi kwadabuka imsele ezintabeni kwafa nabantu abaningi.

6

Ukudilika kwezindlu.

Kwadilika eziningi izindlu kwaqhuma iziphethu ezindlini kw simbuka amakhowe kwezinye izindlu.

Abanye abanunzane bashiya imsebenzi emadolobeni bazokwakha izindlu.

Umkhuhlane.

Kwavela umkhuhlane omkhulu ngeawa kwalembula kuso bala ukuthi abantu babengenwe a akhaza ngoba nezindlu zase zinomswakama kodwake awubangamkhulu ngoba washesha wadlula.